Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isib. Asabulwembu/awumdwebo/ ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Akusenani sekuyolunga ngokuzayo **[50]**

1.2 Ngabona ngekhwezi ukuthi sekuyasa **[50]**

1.3 Lase liyozilahla kunina **[50]**

1.4 Ubuhle nobubi bomuntu busuka ngaphakathi **[50]**

1.5 Ukulondoloza izinto ezingamagugu kuleli laseNingizimu Afrika kulekelela ekwakheni isizwe.

Luthini uvo lwakho ngalesi sitatimende? **[50]**

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 kuya kwelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo owukhethile bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1

[Sicashunwe ku-inthanethi] **[50]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.6.2

[Sicashunwe ku-inthanethi] **[50]**

1.6.3



[Sicashunwe ku-inthanethi] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho uthole ithuba lokuyolingisa emdlalweni oluchungechunge kumabonakude.

Bhala incwadi umhalalisele bese uyameluleka ngokubaluleka kokuziphatha kahle kulo mkhakha. **[25]**

2.2 **IKHARIKHULAMU VITHAYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

USipho Khanyile ohlala e-143 Sikhukhuze Road, Swayimane Location, Wartburg, 3233 ubone isikhangisi sesitolo sezingubo sakwa-*Edgars* esifuna abasebenzi abazoshaya imishini yemali.

Eminye yeminingwane yekharikhulamu vithaye:

- Iminyaka engama-30
- Isitifiketi sikaMatikuletsheni
- Ulwazi lwekhompyutha

Bhala incwadi yokuzincoma kuphela usebenzise imininingwane yekharikhulamu vithaye engenhla. **[25]**

2.3 **ISIBUYEKEZO**

Usebenza ngezimpelasonto emsakazweni womphakathi uMshikashika *Community Radio Station* emkhakheni wezomculo. Unikezwe umsebenzi wokukhetha umculo okumele udlalwe emoyeni.

Bhala isibuyekezo se-CD obuyilalele. **[25]**

2.4 **UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Ulilungu elimele abafundi esigungwini sokuphathwa kwesikole (SGB). Isikole senu besinohambo lokuvakashela izindawo ezahlukene. Kulolu hambo kube nezinto ezibalulekile enizifundile.

Bhala umbiko ongabekelwe mgomo ozowethulela isigungu sokuphathwa kwesikole. **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

2.5 **INCWADI EYA KUMHLELI**

Ubambe itoho esuphamakethe yangakini iQalakabusha Supermarket, 477 Steenbok Avenue, Brakpan, 1541. Onogada bakhona banomkhuba omubi wokuhlukumeza nokungahloniphi amalungelo abathengi.

Bhala Incwadi Eya KuMhleli Wephephandaba iZiyagqibana *News*, Private Bag X65, Brakpan, 1541, uzwakalise ilaka lakho ngalesi senzo. **[25]**

2.6 **INKULUMOMPENDULWANO/INGXOXO**

Usanda kuthola inkontileka yokuba umdlali eqenjini lebhola esigabeni esikhokhelwayo. Ngaphambi kokuba usayine ube nomhlangano nomqeqeshi naxoxisana ngenqubomgomo yaleli qembu.

Bhala inkulumompendulwano/ingxoxo ebiphakathi kwakho nomqeqeshi. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100